**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Abafundi bayacelwa ukuba bafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa
   ISIQEPHU B: Ukufingqa
   ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi

3. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.

4. Qala umbuzo ngamunye ekhasini elisha.

5. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo ukusiza wena kanye nalowo ozobe ehlola umsebenzi wakho.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

Kukhalwa ngezingane ezifaka umfaniswano wesikole bese zitholakala ngesikhathi sesikole zithilileka ezitaladini noma zimi ezitolo. Izingane ezingazi ukuthi umfaniswano usho ukuthini lezi. Okufike kunyantise igazi ukubona laba bafundi benza izinto ezingahambelani nomfaniswano. Uthi laba bafundi bake bazicabange zona izikole abafunda kuzo? Abafundi abangenanhloso yokuya esikoleni laba. Bayakhohlwa ukuthi umuntu nomuntu uziphathele ikusasa lakhe. Laba bangabafundi abaqonde ukungena nabanye abantu odakeni abaluxovayo.

Umfaniswano phela ukuveza obala okwezinqe zesele ukuthi ufunda kusiphi isikole. Kwala ngisho kukhona izikole ezifaka imifaniswano enemibala ethi ayifane. Bambalwa uma bekhona abantu abangazi ukuthi isikole esithile sigqoka umfaniswano onjani. Ingani izikole ziwubuso bomphakathi. Zihlala zisemehlweni abantu. Ngisho ikhehla nesalukazi sendawo siyazi ukuthi isikole sasekuthini sigqoka imibala enje. Singayibhidilisha imibala kodwa uma kuthiwa asiyikhombe ngeke silenze iphutha.

Umuntu owavela nokuthi abafundi besikole abagqoke umfaniswano wasebenza. Labo abadla imbuya ngothi ubabona kanjani uma kugqokwe kanje? Isikole esiphumelelayo ukugqugquzela ukugqokwa komfaniswano ngabafundi baso asigcini ngokuba sibukeke kahle, kodwa nomsebenzi waso uyancomeka. Abafundi baso baba nekusasa eliqhakazile.

Uma umfundi eya noma ephuma esikoleni bese evelelwa yinoma yisiphi isehlo kuba lula ukumhlonza uma egqoke umfaniswano. Okuthi noma uthuke wedlula ungasakwazanga ukuthola kahle imininingwane, uyakwazi ukuhlaba umkhosi uma nje ubone umfaniswano wesikole leso. Noma ngabe uthuke wabona okuhle okwenziwa isikole esithile uyakwazi ukukhuluma ngalobo buhle ubone imibala nje.

Abazali nabaphathi bezikole bacishe baba nokudideka ngenxa yenkulumompikiswano eke yabakhona ePhalamende ngomfaniswano ezikoleni. Bekukhona ukungaboni ngasolinye, uHulumeni ekhala ngokumba eqolo kwemali yomfaniswano. Nakuba abazali nabafundisi bebekubona lokho, bakuqonda kahle ukuthi umfaniswano ubambe iqhaza elikhulu ekwenzeni isithunzi sesikole. Kuyabonakala nokho ukuthi uvo lwabantu abalapho kwenzeka khona izinto lwalaleleka ngalolu daba.

Imibala yemifaniswano yezikole ifana nemibala yesizwe. Ukwenza ube neqholo lokuthi ungowaphi. Kuqala lapha ukwazisa imibala yesizwe, ebaluleke kangaka esizweni. Kuhleziwe nje lapha, asikho isizwe esingenamibala yaso. Kuthi uma kwenziwa izinto ezibalulekile zesizwe kube yiyona eqhakambiswayo ngoba iwuphawu lwaleso sizwe njengokuphumelela ebholeni kubonakala ngefulegi yemibala yesizwe iphephezela. Kanjalo futhi uma isizwe sehlelwe isehlo kubonakala ngayo imibala leyo.

1.1.1 Usuke ehamba kanjani umuntu uma ethilileka? (2)

1.1.2 Kusho ukuthini ukuxova udaka kulesi siqeshana? (2)

1.1.3 Kungabe kuliqiniso noma umbono kaHulumeni ukuthi intengo yomfaniswano imba eqolo? (3)

1.1.4 Uzisiza kanjani izingane ezidla imbuya ngothi umfaniswano? (2)

1.1.5 Nika elinye igama elisho:

(a) Uvo (1)
(b) Ukubhidilisha (1)

1.1.6 Ngabe umbhali walesi siqephu uyakuthanda noma akakuthandi ukugqokwa komfaniswano? (3)

1.1.7 Ngokwendaba ngabe ifulegi lesizwe liphephezela uma kwenzenjani? (2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi kwaso.



1.2.1 Ngabe achazani la magama angezansi atholakala kulesi sithombe:

(a) Ukuzitika (1)
(b) Ukugwazelwa (1)

1.2.2 Nikeza amagama asho ukuthi uNkosikazi Shumbu naye kufanele aboshwe. (2)

1.2.3 Aveza muzwa muni amagama ashiwo indoda enguShumbu evele emnyango? (2)

1.2.4 Ucabanga ukuthi kusetshenziselweni umuntu wesifazane ukuba azoletha le ncwadi okukhulunywa ngayo kulesi sithombe? (2)

1.2.5 Abantu abagwazisayo abeneliseki. Ngabe kuliqiniso lokhu noma kungumbono? Sekela impendulo yakho. (3)

1.2.6 Izibuko ezimnyama zivamise ukufakelwa ilanga. Nikeza esinye isizathu esingenza omunye umuntu afake izibuko ezimnyama? (2)

1.2.7 Tomula igama elilodwa lapha kulesi sithombe elisho: ukuba namandla okwenza okuthile? (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2**

Fingqa lesi siqeshana esilandelayo ngamagama akho aphakathi kwangama-20 – 30:

Emva kokhetho lwe-National Party ngonyaka we-1948, kwabekwa umthetho owawubandlulula futhi ucindezela abantu abamnyama. Lo mthetho wawu-bavimbela ukuba bangabinalo ilungelo lokuvota, kodwa kuvote abamhlophe kuphela yize babeyidlanzana. Eminye imithetho eyabekwa yilena eyayenza ukuthi abamnyama bazithuthukele ezifundeni zabo ngokwehlukana ngokobu-hlanga. Lena imithetho eyayikhombisa ngokusobala ukuthi abamnyama bafa-nele ukuphila impilo ethile engeyezinga eliphansi. Babengakwazi futhi ukuzithathela izinqumo ngokuphila kwabo.

Lokhu kwaholela ukuthi kubekhona imibhikisho yokulwisa ubandlululo: Obhongoza bale mibhikisho kwakuyi-PAC kanye ne-ANC. Kwakusobala ukuthi imibhikisho yayilwisana noHulumeni wangaleso sikhathi. Le mibhikisho yaholela ekungqubuzaneni kwabamnyama namaphoyisa ayevikela uHulumeni wangaleso sikhathi. Lokhu kungqubuzana kwaholela ekubulaweni kwabantu abangama-69 eSharpeville ngo-1960 bedutshulwa ngamaphoyisa. Yiso kanye lesi sehlakalo esenza ukuthi iNingizimu Afrika inswinywe kwezomnotho nakweminye imikhakha ngamazwe aphesheya.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

## UMBUZO 3

3.1 Funda lesi siqeshana esilandelayo ukuze ukwazi ukuphendula imibuzo ngaso:

Indoda yakwaMzolo yathi ingafika ekhaya yaqonda endlini ingasadle nkobe zamuntu. Phela yabe ithukutheliswe ukubona indodakazi yayo uThoko ime nomfana wakwaMngadi, uJabulani, esitobhini sebhasi. Uthe efika nje walwa nonina emtshela ukuthi akanayo imfundiso, uhlulwa ingane. Kwamphatha kabi lokho umama kaThoko. Ekugcineni kodwa wazitshela ukuthi indaba ephelele uyoyizwa ngomnikazi.

3.1.1 Egameni:

(a) **Indoda** sebenzisa isijobelelo esizoveza igama elisho ubuncane ngeminyaka. (1)

(b) Lisebenzise emshweni lelo gama olakhile. (2)

3.1.2 Shono ukuthi la magama adwetshelwe asebenze msebenzi muni kule misho:

(a) UThoko wabe eme nomfana <u>wakwaMngadi</u> (1)

(b) Kwamphatha kabi <u>lokho</u> umama kaThoko. (1)

(c) Uyise <u>wayethukutheliswe</u> isenzo sikaThoko. (1)

3.1.3 Zisebenze msebenzi muni izakhi ezidwetshelwe emagameni asemishweni elandelayo:

(a) Wafika <u>e</u>khaya ethukuthele. (1)

(b) Unina akanayo imfundis<u>o.</u> (1)

3.1.4 Isakhi esidwetshelwe siqukethe mqondo muni kula magama akule misho elandelayo:

(a) Indaba u**<u>zo</u>**yizwa ngoThoko. (1)

(b) UMzobe **<u>wa</u>**lwa nonina kaThoko. (1)

(c) UThoko ubuk**<u>ana</u>** nomfana wakwaMngadi. (1)

3.2 Funda lo musho olandelayo bese uphendula umbuzo ozolandela:

Intombi ezalwa umfo waseMazolweni yahamba ngebhasi lokuqala.

3.2.1 Bhala umusho omkhulu okulo musho. (2)

3.2.2 Bhala futhi umshwana ochazayo. (2)

3.3 Phinda ubhale le misho ugcwalise ngamagama afanele ukuze ifundeke kahle.

3.3.1 UNomusa wayegqoke ingubo eyayibomvu ... ngenkathi kushada udadewabo.

3.3.2 Phela kuyaziwa ukuthi umuntu uyazala kanti ikati lona … .

3.3.3 Ayihlabi … Lokho kuchaza ukuthi umuntu akunjengoba umbuka nje.

3.3.4 Indoda esuthayo ibonakala (ngesikhaba, ngomkhaba, ngomkhala). Khetha igama elifanele kubakaki.

3.3.5 Ngiyizwile inkunzi yakwamakhelwane … ngenkathi izwa ibhubesi libhodla. (5)

**[20]**

**UMBUZO 4**

Funda lo mbiko olandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

Siyilangazelele – kodwa sinovalo.

Sangijabulisa isinqumo esathathwa yiFIFA njengoba yanikeza iNingizimu Afrika ithuba lokusingatha imidlalo Yendebe Yomhlaba yonyaka we-2010. Ngabe ubugebengu nokukhwabanisa ngeke kwacekela phansi amathuba okuba nathi sihlonishwe amanye amazwe?

4.1 Nikeza amagama amabili atholakala embikweni ahambelana negama elisesihlokweni elithi: **Siyilangazelele.** (2)

4.2 Nikeza amagama/amabinzana amathathu atholakala embikweni adala ukuthi umbhali wawo athi: **Sinovalo.** (3)

**[5]**

**UMBUZO 5**

5.1 Funda lezi zihlokwana ezilandelayo ezitholakale emaphephabhukwini nasemaphephandabeni bese uphendula umbuzo obuzwa ngesihloko ngasinye:

Bhala lesi sihlokwana usuguqule ukulandelana kwamagama bese usho umehluko okhona encazelweni yaso:

**Isihlokwana: Umzabalazo wami uyaqhubeka** (2)

5.2 Bhala umehluko okhona phakathi kwalezi zihlokwana ezimbili ezilandelayo:

Usatshiswe Ngesibhamu Umfundi Odlwenguliwe. –
Usatshiswe NgoMongameli Umfundi Odlwenguliwe. (2)

5.3 Igama elibhalwe ngokunzima kulesi sihlokwana esilandelayo lenza ukuba lesi sihloko singezwakali kahle. Phinda usibhale lesi sihlokwana ususilungisile:

UHulumeni Uyathalalisa **Udaba** LwaseZimbabwe. (1)
**[5]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Akuvunyelwe ukukopisha leli phepha